



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2017

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-15.

ISIQEPHU A: INOVELI

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

UMBUZO 1

ISIQESHANA A

- 1.1 OKUBILI kokulandelayo:
Umbila√, amabele√, imfe√ (2)
- 1.2 Imifula emincane ivamise ukusha ehlobo.√ (1)
- 1.3 Inkosi uSimakade.√ (1)
- 1.4 Abantu abakhuthele kule ndawo balime amathantalala amasimu.√√ (2)
- 1.5 Inkosi uSimakade yaqasha umshushisi oneziqu zasenyuvesi
owayekhokhelwa isizwe.√√ (2)
- 1.6 OKUKODWA kokulandelayo:
• Wayefuna ukuphuma empilweni yobugqila basemapulazini. √√
• Wayefuna ukuba nemali eyenele yokufundisa izingane zakhe.√√
• Wayefuna ukuthi akwazi ukwakha umuzi wakubo, aganwe. √√ (2)
- 1.7 B√/Ukuthandana kakhulu.√ (1)
- 1.8 Isihlonipho√√ (2)
- 1.9 • Umlingiswa oqavile uManyoba uyavela esingenisweni. √
• Inkinga yomlingiswa oqavile iyavela lapho exakwe impilo enzima yasemapulazini ababeyiphila.√
• Isizinda siyachazwa/sicaca kahle.√ (3)
- 1.10 Kwaba khona ukuzwana phakathi kwaBathembu naMachunu kwaphela
ukuhlaselana.√√ (2)
- 1.11 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
• Umuntu owayethanda izimpi. √√
• Wayehluleka ukudala uxolo endaweni. √√ (2)

[20]

KANYE

ISIQESHANA B

- 1.12 Umbhali wayefuna sibone ukuthi akubona bonke obaba ababa
nokwethembeka emindenini yabo uma besebenza kude njengoManyoba.√√ (2)

- 1.13 Akavumanga ngempela√√/Wanqaba kwaze kwaba sekugcineni√√/Wala unomphelo√√ (2)
- 1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
• Babesebenza ndawonye emshinini owodwa.√
• Babevela emakhaya bobabili.√
• Babethembana kakhulu.√ (2)
- 1.15 Baxatshani swa ukuthi uMaNgubane wayefuna ukuthatha isidumbu sikaNtombela ayosingcwaba emakhaya. UMaNgcobo wayengazi ukuthi uNtombela wayenomunye umndeni emakhaya, ngakho-ke kwakungelula ukuthi angabavumela bathathe isidumbu somyeni wakhe. √√ (2)
- 1.16 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
• Kwakufanele acele kunkosikazi wakhe wokuqala. √√
• Kwakufanele azise umndeni wakhe ngezifiso zakhe. √√ (2)
- 1.17 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
• Wagqugquzela izingane ukuba zifunde√.
• Wabheka imfuyo. √
• Walima amasimu. √
• Wasika izidwaba wazidayisa. √
• Wathembeka kumyeni wakhe. √ (3)
- 1.18 Imibono iyokwehluka
• Ngangingeke ngikwamukele ngoba lokho kwakuzokhombisa ukuthi ubaba uyangibandlulula.√√/
• Ngangingeke ngikwamukele ngoba abantu besifazane nabo banelungelo lokufunda. √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

NOMA

- Ngangizokwamukela ngoba kwakuyiyona ndlela yokuphila endaweni ngaleso sikhathi. √√ (2)
- [15]

UMBUZO 2

UMSHADO – N Zulu

ISIQESHANA C

- 2.1 Waphupha uyise embuza ukuthi uganwa nini.√ (1)
- 2.2 Ngumama kaBhekani.√ (1)
- 2.3 Ezintombini ayeseke athandana nazo uBhekani ayikho ayeyibona ifanele ukumgana.√√ (2)

- 2.4 D ✓/iphupho elikhulumayo✓ (1)
- 2.5 Okukodwa kwalokhu:
• Namanje awukafuni ukuganwa/ukuthatha umfazi?✓✓/
• Uma ekhumbula kahle uBhekani sengathi uphendulile kodwa uyise wahwaqa, ekhombisa ukuthi impendulo ayimgculisi.✓✓ (2)
- 2.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
• Yinhle. ✓/
• Imhlophe qwa. ✓/
• Izinwele lezi zilungiswe kahle. ✓/
• Inehwanqa eliphuphuzelayo. ✓/
• Izihlathi ungathi ziyapholishwa. ✓ (2)
- 2.7 Wabe eya esikoleni/emsebenzini.✓ (1)
- 2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
• Yamqola imali.✓/
• Waxabana nomndeni wakhe.✓/
• Walwa noBhatomu.✓/
• Inhlalo yakhe yasemsebenzini ayibange isaba yinhle.✓/
• Wayengasaqhubi kahle emsebenzini. ✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
- 2.9 • Kwavela ukuthi ubaba kaTholakele akayitholanga imali yelobolo.✓
• OTholakele, uZenze noPamella baboshelwa ukudayisa izidakamizwa kanye nokusabalalisa imali yomgunyathi.✓
• ULindiwe uxolela uBhekani. ✓ (3)
- 2.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
• Kwanciphisela uBhekani amathuba okuba abonane noTholakele ngokukhululeka.✓✓/
• Kwenza ukuba uBhekani ahambe ngokungakhululeki endaweni esaba noma imuphi umuntu wesilisa ecabanga ukuthi uBhatomu.✓✓ (2)
- 2.11 ULindiwe✓ ngoba: Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
• Wayethandwa ngabakubo kaBhekani.✓/
• Wayenothando lweqiniso.✓/
• Wabuya wazoxolisa kuBhekani.✓/
• Wayenomsebenzi oqondile futhi ohloniphekile njengoba ayenguthisha.✓ (3)

(3)
[20]

KANYE

ISIQESHANA D

- 2.12
- Wayethi uqashe kwakhe.√
 - Wayethi uZenze usefana nobaba kuyena.√
- (2)
- 2.13 Umfundisi wagcina esedabukela uBhekani ngoba wayebazi ukuthi bayasonta benonina.√√
- (2)
- 2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Amadlozi ayezosonta uTholakele intamo.√/
 - Umshado wawungeke ube yimpumelelo√/babengeke bashade nokushada.√/
 - Amadlozi ayezowuvimba umshado. √
- (2)
- 2.15 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayengeke akwazi ukutshela abazali bakhe ukuthi beze ngoba wayeqile emzini.√√/
 - Abazali bakhe babengazi lutho ngokulotsholwa kwakhe.√√/
 - Kwakuzovela ukuthi uTholakele uqola uBhekani ngendaba yamalobolo.√√
- (2)
- 2.16
- Umlingiswa oqavile uBhekani uvela esingenisweni.√
 - Inkinga yakhe yokuhlushwa yiphupho likayise isheshe ivele.√
 - Isizinda sendaba siyashesha ukwethuleka.√
- (3)
- 2.17 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umuntu akofunda ukulalela uma exwayiswa. √/
 - Kwesinye isikhathi amaphupho ayayikhuluma into ekhona. √/
 - Abantu abangasekho basenawo amandla ezimpilweni zethu. √/
 - Akufanele umuntu avume uthando lumvale amehlo/lumlawule. √/
 - Akufanele uvumele ukulawulwa inkanuko. √
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)
- (2)
- 2.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayefuna ukumqola kahle imali yakhe.√/
 - Wayemthanda naye umuntu ofundile ukuba abe khona empilweni yakhe.√/
 - Ukushada nomuntu onesithunzi kwakuzomenza afihleke ubugebengu bakhe.√
- (nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi).
- (2)

[15]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 3

ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

ISIQESHANA E

- 3.1 Kunomhlangano womphakathi ngoMgqibelo mhla ka-6, esikoleni iNdabuzekwayo.√ (1)
- 3.2 Kwakuzokhulunywa ngezindaba zentuthuko.√ (1)
- 3.3 WayengowaKwaMashu.√ (1)
- 3.4 Inkosi uShandu√ (1)
- 3.5 Wacasulwa ukuthi ubiza umhlangano engacelanga noma engathathisanga enkosini.√√ (2)
- 3.6 B√/ukungakhanyiseleki.√ (1)
- 3.7 UMbandlwa√ noMaShezi.√ (2)
- 3.8 Ukwenzasasilwane√√/Ukwenzasilwane√√ (2)
- 3.9 Washiswa nendlu kanye nomndeni wakhe. √√ (2)
- 3.10 UDIamini washaya uMbandlwa ngenduku ekhanda waze waya esibhedlela wacina ebandishiwe. √√ (2)
- 3.11 Umfundisi uMazongolo wafunda incwadi eyayibhalwe inkosi uShandu esibhedlela, eyayinomyalezo wokudala uxolo. √√ (2)
- 3.12 Izimpendulo ziyokwehluka:
UDIamini.√
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayehlohla inkosi ukuthi ingahambisani nentuthuko eyayilethwa nguDuma. √/
 - Washaya uMbandlwa. √/
 - Wayexebula izaziso zemihlangano eyayibizwa nguDuma. √/
 - Wayegqugquzela nabantu bendawo ukuthi bangahambisani noDuma.√

NOMA

UMbandlwa.√

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayehlohla uDuma ukuthi angathathisi enkosini uma enza izinto/efuna ukubiza umhlangano.√/
- Wayegcizelela ukuthi isikhathi samakhosi sesidlulile, sekubuswa ngentando yeningi.√/
- Wayenamagqubu ezimpi ezake zaliwa kudala.√

(3)
[20]

KANYE

ISIQESHANA F

- 3.13 Inkosi yaphathwa isifo senhliziyo yase iyaquleka. Bayithatha bayiphuthumisa esibhedlela. ✓ ✓ (2)
- 3.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMazongolo ungumuntu othanda uxolo. ✓/
 - Uyakholwa ✓/
 - Uthembekile kubantu nasenkosini ngoba inkosi yakhetha yena ukuba abe ngusihlalo womhlangano wokudala uxolo. ✓/
 - Unesibindi sokubhekana nomphakathi othukuthele. ✓ (2)
- 3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abantu babezoqhubeka nokubulalana. ✓/
 - Intuthuko yayingeke ibe khona. ✓/
 - UDuma wayezolahlekelwa inkosikazi. ✓/
 - Indawo yenkosi yayingeke ibuseke. ✓
- (nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
- 3.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkosi ibonga iqhaza elabanjwa uMaNgema noMaShezi ekuletheni uxolo endaweni. ✓/
 - Inkosi yazisa umphakathi ukuthi ikhansela selizoqhubeka nokuletha intuthuko ngokukhululeka. ✓/
 - Inkosi yavumela uDuma ukuba asebenzise indlu esemzini wayo njengehlovisi lokuqhuba umsebenzi wobukhansela. ✓/
 - Wabonga amaphoyisa ngokusebenza ngokuzikhandla ekuletheni uxolo endaweni. ✓ (2)
- 3.17 Imibono iyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo: Ngangiyomeluleka ukuba:
- Azithobe enkosini. ✓/
 - Abambisane nenkosi ekuletheni intuthuko. ✓/
 - Azise inkosi ngezinhlelo zakhe. ✓/
 - Aqinisekise ukuthi uma ezoba nomhlangano uyathathisa enkosini futhi ayimeme ukuthi ibe khona emhlanganweni. ✓ (2)
- 3.18 Umphumela omuhle: Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwaba nentuthuko endaweni. ✓✓/
 - Abantu bathola ithuba lokuzikhethela abantu ababathandayo. ✓✓
- Umphumela omubi:
- Kwafa abantu esizweni senkosi. ✓✓/
 - Abantu bahlukana phakathi. ✓✓ (2)

3.19 Imibono iyokwehluka:

Sisekhona isidingo samakhosi.

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Angawokuzalwa kulezo zikhundla zawo futhi le ndlela yokubusa inomlando omude. ✓✓
- Ubukhona bawo buhambisana namasiko ethu ukuze angashabalali. ✓✓
- Ukuba seduzane kwawo nabantu kwenza bagcine imithetho futhi abasize ukubaxazululela izinkinga zabo. ✓✓
- Aneqhaza alibambayo ekuletheni ukuthula ezindaweni zasemakhaya. ✓✓
- Asikela abantu izindawo zokwakha. ✓

Asisekho isidingo samakhosi

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Amanye awo acindezela abantu ngokufuna izimali okungaziwa ukuthi ezani. ✓✓
- Amanye ayabahlukumeza abantu ngokusebenzisa amandla awo ngendlela engafanele. ✓✓
- Ubuningi bawo benza uHulumeni noma abakhokhi bentela babhekane nezindleko. ✓✓
- Enza kube nokushayisana phakathi kokubusa ngentando yeningi kanye nokubusa ngokwendlela yendabuko. ✓✓
- Amanye ngokungafundi kwawo enza umphakathi uhlehlele emuva. ✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(3)
[15]

UMBUZO 4

ISIKO NELUNGELO – N Zulu

ISIQESHANA G

- 4.1 UMaMbatha uthanda uThenjiwe ngoba uyabaphekela, abaphakele. ✓ (1)
- 4.2
- Ulethe ukudla ✓
 - Ufuna kukhulunywe udaba lwakhe lokuba abuyele ekhaya kubo. ✓ (2)
- 4.3 Emsebenzini. ✓ (1)
- 4.4 UMaMbatha uthi uThenjiwe akavume ukungenwa uDumisani ✓✓ akagcine isiko. ✓ (1)
- 4.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ubuwula bukaDumisani ukungafuni ukungena uThenjiwe. ✓✓✓
 - UDumisani akazihlanganisi nendaba yokungenwa uThenjiwe. ✓✓ ✓ (2)

- 4.6 Umusho OWODWA kwelandelayo:
- Angiboni ukuthi njengoba uyihlo edla nje kungabe sekukhulunywa izindaba futhi.√√/
 - Siningi kabi isikhathi sokukhuluma izindaba makoti.√√/
 - Dlana ukudla kuzoze kuphole. √√/
- (2)
- 4.7 C√/Ushesha kakhulu√/ (1)
- 4.8 Ukwenzasamuntu√√/Isenzasamuntu√√/ (2)
- 4.9 UThenjiwe ukhuluma noyisezala ngqo.√√/ (2)
- 4.10 Izimpendulo ziyokwehluka:
UNondumiso. √
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Waphelezela udadewabo ukuba ayokhuluma nabasemzini. √/
 - Uyazama ukubonisa uMaMbatha ukuthi kuyingozi ukuhlanganisa abantu abangathandani ngesiko lokungena.√/
 - Ukubonisa uyise ngokubaluleka kokuhlonishwa kwelungelo likaThenjiwe lokuzikhethela okumele akwenze njengoba eseshonelwe ngumyeni wakhe.√/
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

NOMA

uZungu√/

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayezwelana noThenjiwe ngokungahambisani neqhinga likaMaMbatha.√/
 - Wangenelela ngesikhathi uMaMbatha exosha uNondumiso.√/
 - Ngesikhathi uThenjiwe esebuyiswe abakwaMondise, uZungu washeshe walwemukela uxolo.√/
- (3)

- 4.11 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwadala ubutha phakathi kukaThenjiwe nomndeni.√/
 - Kwaholela ekutheni kube nengxabano phakathi kukaSipho noDumisani.√/
 - USipho wagwaza uDumisani. √/
 - UThenjiwe wazama ukudlisa uDumisani ushevu. √/
- (3)

[20]

KANYE

ISIQESHANA H

- 4.12 Waphetha ngokuthi ashonele ejele.√√/ (2)
- 4.13 AbakwaZungu babembophele amanqina enyathi, okuthi aboshelwe icala lokonisa uThenjiwe emzini, hhayi leli lokugwaza uDumisani.√√/ (2)
- 4.14 Wasindiswa uThabi owambona uThenjiwe efaka ushevu/ ubuthi etiyeni elalizophuzwa uDumisani.√√/ (2)

- 4.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umbhali ufuna ukusikhombisa ukuthi kwesinye isikhathi kukhona ukushayisana phakathi kwamalungelo kanye nesiko. ✓✓
 - Umbhali ufuna sibone ukuthi basekhona abesifazane abasacindezelekile. ✓✓
 - Ufuna abantu bazi ukuthi amanye amasiko asephelelwe isikhathi. ✓ (2)
- 4.16
- UGugu uyakwazi ukumduduza uma embona ukuthi uphatheke kabi. ✓
 - Uma enze iphutha uThenjiwe, uGugu uyakwazi ukumtshela iqiniso. ✓ (2)
- 4.17 Izimpendulo ziyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangiyothi akaye kwabomthetho, avule icala lokuhlukunyezwa kwamalungelo akhe ngabakwaZungu. ✓✓
 - Ngangiyothi akathintane nezinhlango ezilwela amalungelo abantu besifazane. ✓✓
 - Ngangiyothi akahambe ayoqala impilo entsha kwenye indawo. ✓
- NOMA**
- Ngangiyothi akalalele abazali bakhe ngoba imali yelobolo futhi yayingasekho. ✓✓
 - Ngangiyothi akathobele isiko ngoba yinto eyayenziwa endaweni. ✓✓
 - Ngangiyothi akazixazululele izindaba zakhe, angavumi ukuba uNondumiso angene kuzo. ✓ (2)
- 4.18
- Wayecindezelekile naye kodwa engaboni. ✓
 - Wayekhohlelwa ukuthi kufanele ahloniphe umyeni wakhe. ✓
 - Wayethi noma enombono ohlukile ongasiza uThenjiwe kodwa angabi nawo amandla okuwubeka uzwakale. ✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

[15]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 5

5.1 USIHAWU NESIHAWU

ISIQESHANA I

- 5.1.1 UBathobile.√ (1)
- 5.1.2 Uphuma kwadokotela.√ (1)
- 5.1.3 Wayethukutheliswe ngukuthi udokotela umtshele ukuthi ngeke akwazi ukuthola abantwana.√√ (2)
- 5.1.4 B√/KwaMaqhilika.√ (1)
- 5.1.5 Wawuthi indodana eyothola indlalifa kuqala iyona eyothatha ubukhosi.√√ (2)
- 5.1.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
• Amanzi akhiwa emfuleni. √/
• Izinto zokuhamba azikakathuthuki.√/
• Abantu basasebenza emapulazini.√/
• Kusabusa amakhosi.√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)
- 5.1.7 Kodwa khona ngazalwa neshwa, sekungaze kungiphinde?√√ (2)
- 5.1.8 Wakwazi ukuthola ubukhosi ngoba ezinganeni ayezizele kwaba khona indlalifa.√√ (2)
- 5.1.9 Imibono iyokwehluka.
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
• Ngangizothula njengoBathobile, ngingatsheli muntu.√/
• Ngangizobikela abasekhaya ukuze bangisize.√/
• Ngangizobikela amaphoyisa ukuze abophe isigebengu. √/
• Ngangingabikela abezeNhlalakahle ukuze bangeluleke. √
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
- 5.1.10 Yiqiniso,
• Izingane zikaBathobile zazinezinwele eziphothene ezikhombisa ukuthi ziyimekisi.√
• Akaphindanga waba nezinye izingane. √ (2)

[18]

KANYE

5.2 IMFIHLO KAMAKOTI

ISIQESHANA J

- 5.2.1 Wayeshayela amatekisi.√ (1)
- 5.2.2 Wayefuna ukuba ayomhlanzela yona elondolo ngoba wayethe usebenza khona.√√ (2)
- 5.2.3 Wabe eholo imali encane kulo msebenzi wamatekisi ayekade ewenza, okusho ukuthi kwakuzoba lula uma efuna ukumthatha.√ (1)
- 5.2.4 Wathi kuRoy makashaye imoto bahambe. √√ (2)
- 5.2.5 URoy√ (1)
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Uyena esimthola ekuqaleni kwendaba ebhekene nenkinga yokufuna ukuganwa. √/
 - Izigameko eziningi zithinta yena ngqo. √/
 - Utholakala nasesiphethweni sencwadi lapho sekuxazululeka khona izinkinga zakhe zemali. √ (2)
- 5.2.6 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- URoy uhlanguka noRebecca okwesibili esiteshini.√/
 - Uyahamba naye uyomkhombisa lapho agqiba khona imali. √/
 - Umnikeza imiyalelo yokuthi ayisebenzise kanjani imali.√/
 - Ubuye amnike nemiyalelo yokuthi aziphathe kanjani.√ (3)
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)
- 5.2.7 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Kazi uRoy wasakha yini isitezi?√/
 - Wakwazi yini ukuyisebenzisa imali ngendlela enenzuzo njengoba ayemyalile uRebecca?√/
 - Umama wakhe wakwazi yini ukuthatha uMaMkhwani ukuba ahlale naye?√/
 - URoy wakwazi yini ukumelana nokuvakashelwa uRebecca njalo? √/
 - Kazi uRoy wayewenza yini umcimbi uRebecca ayewushilo? (2)
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

- 5.2.8 Izimpendulo ziyokwehluka:
Ngangizomeluleka ngokuthi angayithathi imali. ✓
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangizothi akayiphindisele emuva imali. ✓/
 - Ngangizomfunela inyanga/umfundisi owayezovala isipoki. ✓/
 - Ngangizomeluleka ukuthi akathole umsebenzi ongcono ozomnika imali ezokwazi ukuthi aziphilise anganciki emalini yezipoki. ✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

NOMA

- Ngangizomeluleka ngokuthi akayithathe imali. ✓
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ngangizomtshela ukuthi imali izomsiza ngoba impilo yakhe imiswe yikho ukungabi namali. ✓/
 - Ngangiyomtshela ukuthi inhlanhla ifika kanye empilweni. ✓/
 - Ngangiyomtshela ukuthi ukuze umuntu abe nemali kufanele azi ukuthi kukhona izinto ezizomlahlekela, njengenkululeko. ✓/
 - Njengoba ayesesenzile isivumelwano noRebecca kwakufanele asigcine, kwakungasekho ukuhlelela emuva. ✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

(3)
[17]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala

UMBUZO 6

6.1 NGINGOWELIBA

- 6.1.1 Umzimba ubuyela kwamhlaba/emhlabathini√ kanti umphefumulo wona awunasabelo kwamhlaba/emhlabathini. √ (2)
- 6.1.2 UJesu.√ (1)
- 6.1.3 Iliba √/ithuna√ (1)
- 6.1.4 Ukufa √ikhuluma ngakho kusukela ekuqaleni kwayo ize iyophela.√ (2)
- 6.1.5 Pho mina bengingahlala kanjani ngingabi ngoweliba na? √√ (2)
- 6.1.6 Ukubuya kwendodana yoMuntu. √√ (2)
- 6.1.7 OKUKODWA kwalokhu:
• Imbongi ifuna sihlale sikhumbula ukuthi nathi ngelinye ilanga siyodlula emhlabeni. √√/
• Imbongi ifuna laba abakholelwa enkolweni yobuKhrestu bazi ukuthi indodana kaSomandla nayo yabafela.√√/
• Imbongi ifuna sikhumbule njalo ukuthi imisebenzi yethu esiyenza sisaphila kuyokhulunywa ngayo noma sesidlulile emhlabeni √√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
- 6.1.8 OKUTHATHU kwalokhu:
• Imbongi ikhuluma ngokufa.√/
• Ukwehlukana komzimba nomphefumulo wayo.√/
• Ukulila kwabantu uma imbongi seyedlulile emhlabeni.√/
• Ukufa olwembiza ngokuhamba kwembongi.√/
• Ukuba ngoweliba.√ (3)
- 6.1.9 OKUKODWA kwalokhu:
• Balimele ngokwedlula kwayo emhlabeni, ngeke kodwa besakuguqula/besakushintsha lokho.√√/
• Balahlekelwe kakhulu ngokwedlula kwayo emhlabeni, abasale sebekwemukela ngoba ngeke kusalungiseka.√√ (2)

[17]

KANYE

6.2 NGIYAFISA UKUBA QOTHO

- 6.2.1 ezindleleni zayo.√ (1)
- 6.2.2 Ukuxhumana okusekugcineni√√ (2)
- 6.2.3
- Imbongi ithi ifisa ukuba qotho emisebenzini yayo.√
 - Ithi iyafisa ukuba imisebenzi yayo ibe qotho nakuba ikhandleka.√
 - Ifisa ukuba iziphambeko zayo zesulwe.√ (3)
- 6.2.4 B√/Ukufundisa.√ (1)
- 6.2.5
- Ukuze izisebenzise zonke ngokwethembeka okukhulu.√
 - Ukuze ijabulise abantu.√ (2)
- 6.2.6 Ngiyafisa ukuba qotho.√ (1)
Ukugcizelela umyalezo efuna ukuwedlulisa.√√ (2)
- 6.2.7 lizophambeko zami zisulwe.√ **noma** lizophambeko zami zisulwe.√ (1)
Ifanangwaqa.√ Ifanankamisa.√ (1)
- 6.2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Kungaxabanisa abantu.√/
 - Ungaphelelwa ngumsebenzi.√/
 - Ungashaywa ubulawe ngabantu√/
 - Abantu ngeke bakwethembe.√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
- 6.2.9 Kuchaza ukuthi isigaba siqukethe umqondo owodwa kusukela emgqeni wokuqala kuze kuyofika kowokugcina.√√

Noma

Kuchaza isigqi esisheshayo/esishelelayo√√ (2)
[18]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70